


# Siyanemukela!

Izikole yizindawo ezibalulekile zokufunda ukufunda okubhaliwe nokubhala kodwa futhi zinomunye umsebenzi – ukukhuthaza izingane ukuthi zibe ngabafundi impilo yazo yonke!

Uma isikole sikholelwa emandleni okufundela ukuzithokozisa, futhi sinikeza izingane ithuba lokuzenzela lokhu, sokhela inhlansi yothando lokufunda nokubhala. Uma nina njengesikole ninika izingane isikhathi sokuxoxa izindaba nokuzibhala kanye nokuzifunda nikwenza samdlalo, zithola ulwazi lokuthi ukufunda nokubhala kuyenelisa futhi kubalulekile.

Ngabe ufuna izindaba zibe yinto ebalulekile esikoleni sakho? Uma kunjalo lo mkhombandlela we-Story Power ungowakho! Ngaphakathi uzothola iziphakamiso zokwenza izindaba nokufundela ukuzijabulisa ingxenye yayo yonke into eyenzekayo empilweni yasesikoleni – ukusuka ekilasini kuye ezinkundleni zemidlalo; ukusuka isikole singakangeni, nalapho siqhubeka, kuze kube ukuya ngemuva kokuphuma kwaso.

Hlanganyela nathi kulolu hambo lokufunda olufakela izingane ugqozi lokusebenzisa ukufunda nokubhala ukufinyelela kulokho ezikwazi ukukwenza.

*Ithimba lakwaNal'ibali*

**QAPHELA:** Bheka eminye imikhombandlela ochungechungeni lweStory Power! Yana ku-**www.nalibali.org** ukuze uyithole.

## Kukhonani ngaphakathi

Kungani ukufundela ukuzijabulisa kubalulekile .......... 3
Ukufunda kuzwakale ufundela amaqembu ezingane .......... 4
Imisebenzi yokufundela ukuzijabulisa .......... 6
Izindaba njengengxenye yohlelo lwezifundo .......... 8
Izinsiza kanye nokufundela ukuzijabulisa .......... 10
Ubuningi bezilimi busho ubuningi bezinsiza .......... 12
Ukwenza izindaba ingxenye yempilo yasesikoleni .......... 13
Imigubho yezindaba ekhethekile .......... 14
Izindaba ezisizungezile yonke indawo .......... 15

Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokuphinde usebenzise kanye/noma ukusabalalisa le nsiza, xhumana noNal'ibali:

The Nal'ibali Trust

Suite 17–201, Building 17

Waverley Business Park, Wyecroft Road

Mowbray, 7700

Inombolo yocingo: (021) 448 6000

Ikheli le-imeyili: **info@nalibali.org**

Abasunguli kanye nabengamele iphrojekthi: Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA)

Umhumushi: Dumisani Sibiya

Ukuhlela ngokucubungula nokufundisisa osekubhaliwe: Bhekinkosi Ntuli

Umdwebi wabalingiswa bakaNal'ibali: Rico

Idizayini: Magenta Media

Ukuhlelwa kombhalo nezithombe: Baseline Publishing Services

Uxhaso lwezimali lokukhiqiza le nsiza lunikezelwe ngabakwa-United States Agency for International Development

# Kungani ukufundela ukuzijabulisa kubalulekile

Siyakhula isibalo sabantu abadala asebeqala ukubona ukuthi bangenza umehluko empilweni yezingane ngokwabelana nazo ngezindaba ezixoxwayo.

Sekunesikhathi sazi ukuthi izindaba zondla ingxenye yobuchopho ephethe ulimi. Kodwa manje izithombe zobuchopho ezithwetshuliwe ziyakwazi ukukhombisa ukuthi izindaba zikhuthaza ukusebenza kwezinye izingxenye zobuchopho. Zikhombisa ukuthi ubuchopho abukwazi ukwehlukanisa phakathi kokufunda ngesehlakalo esithile nokuthi leso sehlakalo sikwehlele ngqo. Lokhu kusho ukuthi izindawo esifunda ngazo emibhalweni zisinika ulwazi futhi sifunda ngaphezu kokuthi besingakwenza empilweni yethu ngaphandle kokufunda! Ngakho ukufundela ukuzijabulisa kubalulekile esikoleni, akuwona nje umsebenzi owengezwayo ekupheleni kwezifundo zosuku.

Zikhona nezinye izinzuzo eziningi! Nazi ezimbalwa.

- Ukufunda kuzwakale nezingane wumsebenzi owaziwa njengobaluleke kakhulu ekwakheni ulwazi namakhono adingwa yizingane ekufundeni ukufunda.
- Izindaba zivezela abafundi ulimi olucebile nolujulile. Zizikisa ulwazi lwezingane lokusebenzisa ulimi, zizifundise ulwazimagama kanye nohlelo lolimi, futhi zizinike izindlela ezintsha zokuzikhulumela.
- Izindaba ezithokozisayo zikhuthaza izingane ukuthi zakhe izinto emqondweni futhi zizisungulele okunye.
- Izindaba zinikeza izibonelo zokuthi abantu babhekana kanjani nezinselelo lokhu bese kusiza ukwakha uzwelo ezinganeni.
- Izingane ezifundelwa izindaba zikuthola kulula ukwakha imiqondo (concepts) ezifundweni ezahlukene esikoleni. Ngamanye amazwi ukulalela izindaba kukwenza uhlakaniphe kakhudlwana!
- Ukufundela izingane kuzwakale akwenzi imilingo yokuthi izingane zikhuphuke zedlule ezinye izingane esikoleni, kodwa kuyazisiza zikwazi ukukhumbula kangcono, ziqondisise futhi zazi kakhulu, futhi zicabange ngokuhlolisisa nangendlela ehlelekile.

Uma izindaba nokufunda kujabulisa izingane, zizokuthanda ukufunda. Sonke siyathanda ukuphinda izinto ezisithokozisayo. Ngakho-ke uma zibona futhi zijabulela ukuba phakathi kwezincwadi esikoleni, nakanjani zizofuna ukungasali kulowo muzwa wokufunda.



# Ukufundela amaqembu ezingane kuzwakale

Izingane ziyakwazi ukuqonda ziphinde zijabulele izindaba ezisezingeni lokufunda elithuthukile kunelazo uma lezo zindaba zifundwa kuzwakale kahle ngezilimi ezizaziyo. Kodwa ukufunda kuzwakale kahle akwehli phezulu njengemvula! Kufuna ukuzijwayeza nokuziqeqesha ukuze okufundayo kuphile – noma ngabe ufundela iqenjana lezingane, ikilasi okukanye isikole sonke. Nanka amasu angakusiza.

## Ukulungiselela

Amaqembu ezingane owafundelayo awefani. Ngakho-ke kubalulekile ukwazi izincwadi eziningi ngoba lokho kuzokusiza ukwazi ukukhetha leyo ezizoyijabulela. Kufanele futhi indlela ofunda ngayo uyiguqule ihambisane nezimo noma nezizinda ezahlukene. Ukuzibuza le mibuzo elandelayo kuzokusiza ukwazi ukuzilungiselela.

- **Ngizokhetha yiphi indaba?** Khetha izindaba okujabulelayo ukuzifunda, ezihambisana nokuthandwa yizethameli futhi ezibhalwe ngolimi izingane eziluqonda kalula, nalezo ezizokwandisa ulwazi lwazo. Izingane zeminyaka eyahlukahlukene yobudala ziyazijabulela izincwadi ezinezithombe ezinhle. Izincwadi ezinemvumelwano, isigqi nokuphindaphinda ziba zinhle kakhulu ezinganeni uma ufuna ukufunda kuzwakale, futhi ziyindlela enhle yokwethula ulimi olusha. Izindaba ezinikezela ngamathuba okufunda kusetshenziswa amazwi abalingiswa abahlukene, zinhle kakhulu ekufundeni kuzwakale ufundela amaqembu.



- **Ngifundela bani?** Cabanga ngeminyaka yobudala yezingane ezilalele indaba bese uguqula indlela ofunda ngayo ihambisane nalokho. Uma ngabe ufundela izingane zeminyaka eyehlukene, khetha indlela ezojatshulelwa yizingane ezincanyana eqenjini.
- **Linezingane ezingakanani iqembu engizolifundela?** Uzofundela ikilasi lakho noma isikole sonke? Uma kungukuthi uzofundela iqembu elingase likwazi ukubona izithombe kahle noma uma ukwazi ukuyaluza phakathi kwezihlalo ngesikhathi ufunda, ungazikhombisa izingane izithombe encwadini ngenkathi ufunda. Uma ufundela iqembu labafundi abaningi kakhulu, nyakazisa umzimba, usebenzise nemisindo kanye nezinto ezithile ukwenza indaba yakho iphile noma kube sengathi ziyayibona yenzeka.
- **Ngizofundela kuphi?** Khetha ukuthi uzofundelaphi nokuthi uzokwenza kanjani ukuthi izingane zikhululeke ngesikhathi uzifundela indaba. Ake senze isibonelo nje, uma uzofundela phandle, zihlalise kahle izingane endaweni enomthunzi lapho zonke zizokuzwa kalula khona. (Kungenzeka kudingeke ukuthi usebenzise umbhobho uma izingane ziziningi kakhulu!)
- **Yiziphi izinsiza engingazisebenzisa?** Izithombe, onodoli, izigqoko nezinto ezibalulwayo endabeni kungasetshenziswa ukunikeza indaba impilo.

Uma into uyenza njalo uphenduka ungoti ekuyenzeni. Ngakho kuhle ukuyifunda kuzwakale indaba izikhathi ezimbalwa ngaphambi kokufundela iqembu lezingane.

## Ukufunda indaba

- Izingane zingadinga isikhathi sokuzinza ngaphambi kokuthi uqale ukufunda. Izingane ezincane ziyakwazi ukuphendula kahle ziqagele ukuthi indaba ixoxa ngani ngokubuka isithombe esisekhaveni kanye nesihloko sencwadi. Cela izingane ezindadlana ukuba zikukhumbule ukuthi kwakwenzekani ngesikhathi nigcina ukufunda kuzwakale. Ungabuye ucele ingane eyodwa ukuthi ikhanyise ikhandlela uma kuqala indaba bese enye ilicima ekugcineni.
- Qala ngokufunda igama lombhali (nomdwebi wemifanekiso) yikhona izingane zizojabulela ukwazi ukuthi izincwadi zibhalwa ngabantu nje abafana nazo!
- Ukufunda kuzwakale kuvamise ukufana nokulingisa! Sebenzisa izwi ngendlela efanele ukuze wakhe isimo esithile! Phumula ezindaweni ezifanele ukuze uhehe izethameli.
- Qaphela izethameli zakho, ungasheshisi kakhulu uma ufunda! Zinikeze isikhathi sokubhekisisa imifanekiso noma sokuzakhela izithombe ezingqondweni zazo ngenkathi ufunda.
- Izingane zenze ziheheke yindaba. Zibuze ukuthi yini ezicabanga ukuthi izolandela futhi zikhuthaze ukuba zicabange indlela indaba exhumana ngayo nolwazi kanye nemicabango yazo.
- Uma izingane sezilandela kahle indaba zikhuthaze ukuba zifunde kanye nawe.
- Uma ufunda incwadi yezithombe, qiniseka ukuthi ingane ngayinye iyakwazi ukubona izithombe. Ungama ukuze ukhombise izingane izithombe futhi uzinikeze ithuba lokuphawula noma ukubuza imibuzo ngesikhathi ufunda noma ngemuva kokufunda yonke incwadi okokuqala.
- Uma ufunda inoveli kuzwakale, funda isahluko noma ingxenye yaso usuku ngalunye. Khetha izindawo ezithile endabeni lapho ozogcina khona ukufunda. Lezi makube yizindawo ezizokwenza abalaleli bakho bafise sengathi ngabe sekusile ukuze bezwe ukuthi kuqhubeke kanjani.



# Imisebenzi yokufundela ukuzijabulisa

Ukuze izingane zekilasi lakho zithande ukufunda, kufanele uzifundele njalo nje – hhayi ngoba ufuna ukuhlola amakhono azo okulalela noma okuqondisisa, noma uhlola okunye nje; kodwa lokhu kufanele ukwenze ukuze zijabulele ubumnandi bokuxoxwa kwezindaba nezincwadi. Ngesikhathi uzisiza ukuthola injabulo etholakala ekufundeni izincwadi, ukufunda kuzenzakalela kona ngokwemvelo ngaso leso sikhathi.

Nanka amanye wamacebo ongawasebenzisa ezinganeni ezineminyaka eyehlukahlukene yobudala ukuthi zixoxe ngawo, futhi zikwazi nokuqhuba izindaba ozifundela zona.




## Ukukhuluma ngezincwadi

Kubalulekile ukukhuluma nezingane ngezincwadi njengoba kubalulekile ukuzifundela amagama. Izingane uma zixoxa ngezithombe, abalingiswa nezehlakalo zendaba, zifunda mayelana nokuthi izincwadi zisebenza kanjani nokuthi zihlaziywa kanjani. Ungazami ukufundisa izingane ngokumele zikuxoxe, zidedele zixoxe njengoba zisuke zizikhulumela nje. Khumbula ukuthi injongo ukujula ngencwadi nindawonye.

- Siza izingane ukuba zithuthukise amakhono okuqagela, abalulekile nasekufundeni, ngokude uzibuza ngesikhathi ufunda ukuthi, "Nicabanga ukuthi yini ezolandela?"
- Hlaba ikhefu ngesikhathi ufunda ukuze izingane ziphawule ngemifanekiso eziyithandayo.
- Zikisa ukuqondisisa kwezingane indaba ngokuthi uzibuze imibuzo evulekile.

Le mibuzo ayinazimpendulo eziyiqiniso neziyiphutha, kanti isiza izingane ukuthi zicabange zibuye zikhulume ngezindaba ezifundwayo. Isibonelo, "Uphatheka kanjani uma…?", "Ubuzokwenza njani ukuba ubusesimeni sakhe?", "Ucabanga ukuthi ukwenzeleni lokhu?", "Ngabe lokho kukukhumbuzani?"

- Uzivumele izingane zibuze imibuzo nazo. Iphendule le mibuzo uma kwenzeka noma nithole izimpendulo ngokuhlanganyela ngokuphinda nifunde izingxenye zendaba ezinezimpendulo.
- Khuthaza izingane ukuthi zicabange ngendaba ngokuphawula ngabalingiswa nezehlakalo. Isibonelo, "Ingabe uyenzeleni le nto?" nokuthi "Angiboni ukuthi mina bengiyoba naso isibindi njengoTselane lapho ngibona izimu elesabekayo selimi emnyango!"






## Ukwelula indaba

Nawa amacebo okwelula izindaba ozifunda kuzwakale. Khetha lezo ocabanga ukuthi izingane zakho zizozijabulela nalezo ezilungele iminyaka yazo.


- Cela izingane zilingisele indaba zingamaqembu.
- Guqula indaba ibe wumdlalo. Khetha uphinde ubhale phansi kanye nezingane amazwi azoshiwo ngabalingiswa. Emva kwalokho sezingashintshana ngokufunda okushiwo ngabalingiswa abehlukene emdlalweni.
- Yenza kanye nezingane abalingiswa abangopopayi, imifanekiso ngobumba noma ngenhlama yokudlala. Izingane azisebenzise lokhu ukuxoxa indaba yazo noma zizakhele indaba entsha.
- Phakamisa ukuthi izingane zidwebe isithombe esimayelana nendaba noma esikhuthazwe yiyo. Zikhuthaze ukuba zibhale ngezithombe zazo noma zicaphune imisho endabeni ehambisana naleso sithombe.
- Izingane mazibhalele omunye wabalingiswa bendaba incwadi noma i-imeyili. Noma uphakamise ukuthi zibhale incwadi esuka kumlingiswa oyedwa iya komunye.
- Izingane mazidwebe umfanekiso ohlekisayo wesigcawu ezisithandayo encwadini.
- Phakamisa ukuthi zibhale okuthile kudayari obekungabhalwa ngomunye wabalingiswa.
- Khuthaza izingane ukuthi zidizayine ikhava yencwadi entsha.
- Buza izingane ukuthi ngabe kukhona yini amazwi asencwadini eziwathandayo. Maziwacaphune la mazwi bese zikhangisa ngawo. Zama ukuthola isikhathi sokuthi izingane ziwafundele ikilasi la mazwi.

## Eminye imisebenzi yezincwadi

- Izingane "mazikhulume sakuthengisa", zenze sengathi zithengisela ikilasi incwadi eziyifundile.
- Cela izingane zenze ama-*bookmarks* anendikimba esuselwe endabeni. Zicele zibhale isihloko sencwadi negama lombhali ohlangothini olulodwa neqoqa lendaba elifishane ngakolunye uhlangothi.
- Izingane ezindadlana mazibhale uhla lwezincwadi esezifundiwe ohlwini lokufunda. Ungazitholela uhlu ngokuvakashela ingxenye ye-"Story supplies" kusizindalwazi sakwaNal'ibali: **www.nalibali.org**. Izingane ezincanyana zingadweba izithombe zamakhava ezincwadi ezizifundile (noma ezenza sengathi ziyazifunda) bese zizigcina kufolda noma ebhokisaneni.

# Izindaba njengengxenye yohlelo lwezifundo


Ngabe uke wacabanga ngendlela yokusebenzisa izindaba ukuqinisa ukufunda kwezingane ezifundweni ezahlukene? Nawa amasu ambalwa okwenza lokhu. Khetha lawo alungele iminyaka yobudala yezingane zakho.



## Amasu emisebenzi emayelana nolimi

La masu angasetshenziswa ezifundweni zolimi lwebele nezolimi olwengeziwe.

- Yenza ikilasi lakho kube ngelinesisekelo sokufundwa kwendaba ngokuthi niqale niphinde niphethe usuku ngendaba.
- Nezinkondlo zixoxa indaba. Izingane mazifunde inkondlo bese ziyilingisa, noma zidwebe izithombe ezigqugquzelwe yinkondlo, okukanye zengeze amabinza kuleyo nkondlo. Ungacela izingane zibhale ezazo izinkondlo bese, uma seziqedile, ziyedlulisa ngokuhlebela abalingani bazo abambalwa ekilasini.
- Siza izingane zithole ukuthi zingazibhalela kanjani izinhlobo zeziqephu ezahlukene. Zingasebenza ngamaqembu ukwenza umbiko wezindaba zikamabonakude mayelana nesinye sezehlakalo ezisendabeni. Noma zibhale uhla lwemibuzo yokuphendulana bese zibuza enye ingane ekilasini ezenza umlingiswa osendabeni.
- Yenza ubonda lokubhala amagama ezilimi eziningi ezahlukene. Khuthaza izingane ukuba zibhale bese zengeza obondeni amagama ajabulisayo eziwafunde ezindabeni.
- Khuthaza izingane ukuba zenze sengathi zinohambo nomlingiswa oyedwa noma ngaphezulu kwabasendabeni. Zingadweba izithombe bese zibhala uhla lwezinto okungadingeka zihambe nazo kulolo hambo. (Izingane ezincanyana zingakutshela uma kunesidingo ezifuna ukubhale phansi ohlwini lwazo.)
- Cela izingane zibhale zichaze indlela abukeka ngayo nokuthi ungumuntu onjani umlingiswa ezimthandayo endabeni eniyifunde ndawonye. Zingadweba izithombe zabalingiswa ezibathandayo zixoxe ngomlingiswa ngamunye nezinye izingane ekilasini.
- Ngabe zikhona yini izinto ezenzeka endabeni izingane ezithanda ukwazi ngazo? Ukwenza isibonelo, ukuthi kungani umlingiswa ekhethe ukwenza okuthile. Ungaphakamisa ukuthi zibhalele lo mlingiswa incwadi zimbuze ulwazi olwengeziwe – zingabhala nempendulo yalowo mlingiswa!
- Ngemuva kokufunda indaba, cela izingane zibhale isingeniso noma isiphetho esahlukile sendaba. (Isibonelo, uma ngabe isiphetho sendaba sibuhlungu, zibhale isiphetho esijabulisayo.) Mhlawumbe zingabhala izigatshana ezimbalwa zokuqala zesahluko esingalandela ekupheleni kwenoveli.
- Qoqa izinto ezincane ezitholakala kalula zibe ningi, izinto ezifana nophaphe, okokubopha izinwele, ilastiki, ipensela, imvilophi enekheli, itshe, isokisi nokhezo. Ingane ngayinye izokhetha enye yalezi zinto bese izicabangela okuthile, ibuye ibhale "indaba ngempilo" yale nto, njengokuthi kwakungekabani, lowo muntu wayisebenzisa kanjani, kwenzeka kanjani ukuthi abe ngumnikazi wayo nokuthi leyo nto yayiphumephi ngaphambi kokuthi ifike kumnikazi.



# Imiqondo yezindaba kwezinye izifundo

- Yenza Isifundo Sezomlando siphile ngokufunda izindaba ngezinto ezazenzeka esikhathini esedlule. Izindaba ngokuvunjululwa kwezinto ezithile nempilo yososayensi, odokotela, abaholi nabasunguli bezinto ezithile, zinikeza abantu abayizibonelo ezinhle nolwazi ezinganeni.
- Izindaba zesintu ziyindlela enhle yokwazi ukuthi abantu abaphuma ezindaweni ezahlukene nababephila ngezikhathi ezahlukene babewuqonda kanjani umhlaba abaphila kuwo.
- Funda indaba eyenzeka kwelinye izwe bese ucela izingane zisebenzise ubuchwepheshe be-Inthanethi nezincwadi zolwazi ukuthola kabanzi ngalelo lizwe.
- Izingane mazisebenzise amabalazwe kanye/ noma ama-atlasi ukuthola izindawo ezifunda ngazo ezindabeni noma zikwazi ukulandela indlela ende yomlingiswa wendaba.
- Izingane eziningi zihlangabezana nezinselelo eziningi, njengokucwaswa, ukushona kwabathandiweyo, noma izehlukaniso.

Izindaba zingaba yindlela enhle yokuqala ingxoxo ngezihloko eziyingxenye yesifundo saMakhono Empilo okuba nzima ngezinye izikhathi ukukhuluma ngazo. Ukubuza imibuzo evulekile ngendaba kunikeza izingane indlela ephephile yokucabanga nokuxoxa ngezinto ezizikhathazayo, ezithinta imizwa noma imibono yazo. Izindaba zingasiza izingane ukuqonda kangcono izinselelo, ukuthola indlela yokumelana nezimo kanye nokubona ukuthi yini enye ezingayenza.

- Izindaba ziveza amathuba amahle obuciko obubonwayo njengokudweba nokufaka imibala ezithombeni okukhuthazwa yizingxenye zendaba ezinemifanekiso, noma ukwenza izibonelo zezigcawu zendaba kusetshenziswa ubumba noma izinto esezilahliwe.





# Izinsiza kanye nokufundela ukuzijabulisa

Incwadi ethandwa yizingane yincwadi enhle ngoba ikhuthaza uthando lwazo lokufunda nolwezindaba ezixoxwayo.

## Ukuthola imithombo yokufunda

- Yiba nezinto zokufunda eziyizinhlobo ezahlukene izingane ezingakhetha kuzo: izincwadi zezithombe, amanoveli (ezingane ezindadlana), izincwadi zolwazi, ezixoxa ngempilo yothile, izinkondlo, amaphephabhuku ezingane, nezindaba zeKhona Lezindaba kanye nezincwadi ezinezilimi ezimbili ezisikwa zikhishwe zigcinwe eziphuma eSithasiselweni sePhephandaba sikaNal'ibali.
- Akukho okwedlula ukufunda indaba ngolimi lwakho, ngakho qiniseka ukuthi unezincwadi ezibhalwe ngolimi izingane eziluncelile kanye nalolo olwengeziwe.
- Khetha izincwadi ezilungele okuthandwa yizingane kanye nezinga lazo lokufunda ekilasini lakho.
- Khumbula ukuthi izincwadi ungazifunda amahlandla angaphezu kwelilodwa! Izingane ziyakuthokozela ukuphinde zifundelwe izincwadi ezizithandayo.
- Ukufunda, ukubhala nokudweba kuyahambisana. Ngakho-ke qiniseka ukuthi unamaphepha, amakhrayoni, amapeni namapensela okwanele ekilasini lakho.



Ungathola ulwazi olwengeziwe mayelana nezinsiza ku*Mkhombandlela 1 no-2 we*-Story Power. Le mikhombandlela iyatholakala kusizindalwazi sethu ku-**www.nalibali.org**.

## Ukukhombisa ngezincwadi

Ukukhombisa noma ukubukisa ngezincwadi kuheha izingane ukuthi zizame ukuzifundela izincwadi! Kubonisa izincwadi ezikhona nezingakhetha kuzo izingane uma zifuna ukufunda.

Qhakambisa izincwadi ofuna ukuthi izingane ziziqaphele. Lezi zincwadi kungaba ngeziphathelene neholide elithile, umgubho noma indikimba ethile. Noma ungenza umbukiso wezincwadi ezifundwe zahluzwa yizingane!

Khumbula!

- Bukisa ngezincwadi ngazo zonke izilimi ezikhulunywa yizingane.
- Faka nezincwadi oke wazifunda kwezwakala yikhona izingane zizozihlola ngokwazo nabangani bazo.
- Izincwadi mazibekwe zilinganisane namakhanda ezingane, zingabi phezulu, yikhona zizozibona futhi zizofinyelela kalula kuzo.
- Gcina umbukiso wezincwadi ujabulisa futhi umuhle ngokude ushintsha izincwadi njalo emva kwesonto noma amabili. (Izincwadi ungabuye uzisebenzise embukisweni ngolunye usuku.)

Ngaphandle kokusebenzisa amashalofu ezincwadi noma itafula elincane elifishane, zikhona izindlela ezihehayo zokwenza umbukiso wezincwadi. Isibonelo nje:

- Lengisa izincwadi zezithombe ocingweni lokweneka oluphanyekwe lusuka ohlangothini olulodwa lwelikasi luya kolunye.
- Yenza amashalofu ezincwadi ngamagadasi epulastiki ananyathiselwe obondeni bese ubeka izincwadi khona.
- Sebenzisa irekhi endala yokomisa izitsha ekhishini ubeke ezinye izincwadi lapho okuye kubekwe khona amapuleti.

## Ukunakekela izincwadi

Izincwadi ziyigugu, ngakho kuyaqondakala ukuthi kungani sifuna zihlale isikhathi eside. Kodwa futhi sifuna izingane zizifunde, kanti lokho ngeke kwenzeke uma zihlala zivalelwe! Izingane zidinga isikhathi sokubheka noma ukuzifundela izincwadi. Kuyazenzekela ukuthi ngokuhamba kwesikhathi izincwadi ezizikhonzile ziguge.

Nawa amanye amacebo ongawasebenzisa ukusiza izingane zifunde ukunakekela izincwadi ukuze zithokozele ukuzisebenzisa kaningi.

- Singelindele ukuthi izingane ziphathe izincwadi kahle uma zingazithandi izindaba! Uma uzinika isikhathi sokufunda nokujabulela izindaba nezingane, zizofunda ukuba negugu ngezincwadi.
- Izingane zifunda kakhulu ngokubheka esikwenzayo kunokuthi zitshelwe okumele zikwenze. Ungelindele ukuthi izingane ziphathe izincwadi kahle uma nawe ungakwenzi lokho! Zikhombise ukuthi izincwadi ziphathwa kanjani.

  Ukwenza isibonelo, ngenkathi ufundela izingane, phenya amakhasi ngobunono, kanti uma usuqedile ukufunda indaba, phindisela incwadi endaweni yayo eshalofini lezincwadi.
- Khuthaza ukuphatha incwadi okuhambisana neminyaka yobudala. Ungalindela ukuthi ingane eneminyaka eyisikhombisa iphenye amakhasi ngobunono kodwa iningi lezingane ezineminyaka emihlanu zisakufunda lokhu.
- Zisize zifunde ukunakekela izincwadi ngokwenza izindawo ezikhethekile lapho zizozibeka khona. Ungasebenzisa amashalofu ezifinyelela kuwo kalula, namabhokisi amaseriyeli ahlotshisiwe, amabhokisi ezicathulo, iziqukathi zepulastiki zika-ayisikhilimu nobhasikidi.

Njengezinto eziningi empilweni, ukufunda ukunakekela izincwadi kudinga isikhathi, ukuzejwayeza nokugqugquzelwa. Izingane zizokufunda ngokushesha lokhu uma zikujabulela ukufunda izincwadi.




### Lapho ongathola khona izindaba zamahhala

- KuNal'ibali: **www.nalibali.org**, **www.nalibali.mobi**
- Ku-Bookdash: **www.bookdash.org**
- Ku-African Story Book: **www.africanstorybook.org**
- KwaFunDza (ezamabhungu namatshitshi): **www.fundza.co.za**, **www.live.fundza.mobi**

# Ubuningi bezilimi busho ubuningi bezinsiza

Akufanele kuthathwe njengento ongazikhethela yona ukuyengeza ukufundelwa ngolimi lwebele. Kuyingxenye ebalulekile nenamandla yokufunda ulimi nokuthuthukisa ukufunda nokubhala. Uma ngabe uhlala ufundela izingane ngolimi lwazo lwebele uzinikeza isisekelo solimi esiqinile nesenza kuzo kube lula ukufunda.

Uma ungakuqondi okufundayo kusho ukuthi awufundi ngempela – noma ungawaphimisa kahle kangakanani amagama asekhasini! Kukuthatha iminyaka eminingi ukufunda olunye ulimi kahle. Ngenxa yokuthi ukuqonda kubalulekile uma ufunda, izingane kumele zilalele izindaba ezibhalwe ngolimi lwebele. Ngaleyo ndlela zizokwazi ukugxila ekulandeleni ingxoxo esikhundleni sokuhlangabezana nezinkinga zokuqonda ulimi ezingalwazi kahle.

Kufanele uphinde ufundele izingane izindaba ngolimi lwazo olwengeziwe – lokhu kuzisiza ukuthi zifunde ulimi olusha.

Uma kunezilimi eziningi ekilasini lakho kusho ukuthi unemithombo eminingi enikwazi ukuphuza kuyo! Thokozelani nibuye nisebenzise zonke izilimi ngezinye zalezi zindlela.

- Culani izingoma nisho nezilandelo ngezilimi izingane ezizincele ebeleni, bese kancane kancane ungenise nolimi olwengeziwe.
- Izingane mazibe nemibhalo engezilimi zazo yonke indawo. Lokhu ungakwenza ngokuthi ube namaphosta akho anezihloko ezizithandayo ngezilimi eziningi. Noma ungabhala izilandelo, izingoma neziphicaphicwano ephepheni elikhulu ukhangise ngazo.
- Sebenzisa zonke izilimi ozikhulumayo ukufundela izingane kuzwakale. Uma ezinye izingane zingazazi lezi zilimi, ungacela osekhulile ahumushe uma uqeda ukufunda ikhasi ngalinye.
- Sebenzisa umakhalekhukhwini ukuqopha abazali, ogogo nabanye ababheka izingane ngesikhathi bexoxa izindaba ngezilimi zabo, bese ulalelisa izingane lezi zindaba.
- Izingane ezikhuluma ulimi olulodwa mazifunde bese zikhuluma ngezincwadi zezindaba ezisemaqenjini.
- Yenza ubonda lwemiyalezo lapho othisha nezingane bengakwazi khona ukubhalelana imiyalezo besebenzisa ulimi abaluthandayo.





Thola izindaba ngezilimi eziyishumi nanye ukuze ufundele izingane zakho ku-**www.nalibali.org** naku-**www.nalibali.mobi**. Thola amacebo okwenza indawo enothe ngokubhaliwe ku*mkhombandlela 2 we*-Story Power, otholakala ku-**www.nalibali.org**.

# Ukwenza izindaba ingxenye yempilo yasesikoleni

Izingane zesikole sakho mazikuthole ukuxoxa nokufunda indaba kuyinsakavukela empilweni yazo esikoleni – kungabi yinto nje egcina ekilasini, kodwa itholakale nangezinye izikhathi.

## Singakangeni isikole

- Khuthaza abazali nabanakekela izingane ukuthi bazifundele futhi bazixoxele izindaba endleleni eya esikoleni. Zingazithokozela izindaba ezitholakala ngezilimi eziyishumi nanye komakhalekhukhwini bazo ngokuvakashela ku-**www.nalibali.mobi**.
- Beka indawo yezincwadi zezithombe lapho izingane ezindadlana ezisheshe zifike esikoleni zingakwazi ukuhlala nezincanyana bese zizifundela izindatshana.



## Sesingenile isikole

- Yenza ngolunye usuku enyangeni ngesikhathi sokuhlangana kwezingane ekuseni, kugxilwe ekuxoxweni kwezindaba. Hlela ukuthi omunye uthisha axoxe indaba, noma iqembu lezingane lilingise indaba ethile, noma ikilasi litshele zonke izingane ukuthi yini eliyenzile ukuthuthukisa uthando lokufunda.
- Ningasebenzisa uhlelo lokuxhumana kwangaphakathi esikoleni ukwenza ithuba lokuxoxa izindaba. Othisha nezingane ezindadlana bangafunda noma baxoxe indaba ngenkathi ezinye izingane zilalele emakilasini azo.
- Hlela kube nezikhathi lapho kuphunyulwa khona ngokuba nemisebenzi ejabulisayo emayelana nezincwadi. Ukwenza isibonelo, makucingwe incwadi. Yenza amakhophi amakhava ezincwadi ezithandwa kakhulu ezicela eshumini. Bhala izinkomba ezitshela wonke umuntu ukuthi kumele abhekephi ukuze athole enye ikhava. Emva kwalokho fihla amakhava ezindaweni ezahlukene enkundleni yezemidlalo bese udedela izingane zithokozele ukusebenzisa izinkomba ezizinikiwe ukuze zithole wonke la makhava.
- Qala umkhankaso we-#TholakalaUfunda. Othisha abasuke besenkundleni yezemidlalo ngalolo suku mabasebenzise omakhalekhukhwini ukuthwebula izithombe zezingane abazibona zifunda ngesikhathi sekhefu. Izithombe maziphrintwe bese zibekwa ebhodini lezaziso. Zenzele ezakho izitikha ezithi: "Ngitholakale ngifunda" usebenzisa amalebula azinamathelelayo bese unikeza ingane ngayinye ethwetshulwe ifunda!

## Sesiphumile isikole

- Qiniseka ukuthi wenza ukufundela ukuzijabulisa kube yingxenye yezinto izingane ezizenzayo noma sesiphumile isikole ngokuthi uqale ithimba lokufunda esikoleni sakho. Ungathola ukuthi ukwenza kanjani lokhu ngokubheka u*mkhombandlela 2 we-Story Power*, otholakala ku-**www.nalibali.org**.

# Imigubho ekhethekile yokuxoxwa kwezindaba

Gcina umoya wokufunda izindaba uphila esikoleni sakho ngokugubha izinsuku ezikhethekile unyaka wonke kanye nangokuhlela imibungazo emayelana nezindaba. Hlela ukuthi nigubhe owodwa noma emibili kule mibungazo yokufunda nokubhala njalo ngonyaka. Ningazikhethela eminye imibungazo eniyaziyo.




**Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale:** kuNhlolanja/kuNdasa unyaka nonyaka
**Usuku Lomhlaba Lolimi Lwebele:** zingama-21 kuNhlolanja
**Usuku Lokuxoxa Izindaba:** zingama-20 kuNdasa
**Usuku Lomhlaba Lwencwadi:** zingama-23 kuMbasa
**Inyanga Yokutholakala Ufunda:** kuNhlaba
**Usuku Lwabathandi Bezincwadi:** ziyi-9 kuNcwaba
**Usuku Lwamazwe Ngamazwe Lokufunda Nokubhala:** ziyi-8 kuMandulo
**Inyanga Yamazwe Ngamazwe Yencwadi Enezithombe:** kuLwezi

## Imibono ngongakwenza emibungazweni

- **Kuvakasha abaxoxi bezindaba.** Beka izinsuku ezimbalwa lapho izingane zizejwayeza ukuxoxa indaba khona. Emva kwalokho yenza amaqembu amancane azovakashela ikilasi ngalinye ehamba exoxela izingane ezikwamanye amakilasi izindaba.
- **Ukuvakasha kombhali nomdwebi wemifanekiso.** Mema ababhali kanye/noma nabadwebi bemifanekiso beze esikoleni sakho bafunde kwenye yezincwadi abazibhalile, bese nixoxa ngokuthi babhala/badweba kanjani.
- **Ukwenziwa kwencwadi.** Hlela usuku lwemindeni "lokwenza incwadi". Nikeza izingane nemindeni yazo amaphepha amaningi, amakhrayoni, amakhrayoni epensela, amapensela namapeni bese umema izingane nemindeni yazo ukuthi ize esikoleni izozenzela izincwadi zayo. Wonke umuntu angazenzela incwadi yakhe noma basebenze ngababili noma ngamaqembu amancane.
- **Gqoka.** Izingane mazize esikoleni zigqoke njengabalingiswa ezibakhonzile. (Ukhumbuze nothisha ukuthi nabo bagqoke!)
- **Umjaho wokufunda.** Thola ukuthi isikole sakho singafunda isikhathi esingakanani singaphumulile ngokuthi uhlele umjaho wokufunda. Makufunde izingane ezintathu kuya kwezine ekilasini imizuzu eyi-10 kuya kweyi-15 zingami ngaphambi kokuthi kuqale elinye iqembu. Qhubekani nalokhu isikhathi eside uma kwenzeka ukuze nibone ukuthi yiliphi iklasi elikwazi ukufunda isikhathi eside ngaphandle kokuphumula.
- **Umbukiso wekhono lokuxoxa.** Yibani nombukiso wekhono lokuxoxa lapho izingane zingazizuzela khona imiklomelo eyizincwadi ngokuxoxa izindaba zixoxela izethameli ezifaka phakathi abazali, othisha nezinye izingane.

Imibungazo ekhethekile yezindaba ikhuthaza sonke isikole, kuhlanganisa izingane, othisha, abazali kanye nabanakekeli, namalungu omphakathi nje, ukuthi siqhubeke nokufunda nokuxoxa izindaba.

# Izindaba ezisizungezile yonke indawo



Ukwenza izindaba zibonakale esikoleni sakho kuthumela umyalezo ocacile wokuthi isikole sakho sikholelwa ukuthi kubalulekile ukufunda nokuxoxa izindaba. Nazi ezinye izindlela eziqondile ongazisebenzisa ukwenza lokhu.


- Yenza ibhodi lezimemezelo lapho izingane zizokwazi khona ukudlulisa ulwazi ngalokhu ezikufundayo. Bhala isihloko ebhodini lezimemezelo, njengokuthi, "Esikufundayo" noma "Ukufunda kwethu". Emva lwalokho shiya amapheshana eduze kwebhodi yikhona izingane zizosho noma yikuphi ezikufunayo ngencwadi bese zikuqhanela ebhodini. La mapheshana kufanele abe nesikhala lapho ingane izobhala khona isihloko sencwadi, umbhali kanye nezikuphawulayo ngayo. Mhlawumbe ungafaka nezimo eziyizinkanyezi ngezansi kwepheshana ukuze izingane zifake imibala ukukhombisa ukuthi ziyithokozele kangakanani incwadi.
- Thola isikhala obondeni endlini ehlala othisha ukwazi ukufaka ulwazi mayelana nezincwadi, abadwebi, imibhalo ekhuluma ngokufunda nokubhala kanye namacebo emisebenzi yikhona othisha bezozifundela. Hlala uhlale ufake izinto ezintsha ukuze othisha bahlale behehekile.
- Faka umcako obondeni lwenkundla yokudlala ngopende webhodi likashoki bese unikezela ngoshoki ukuze izingane zikwazi ukubhala noma zidwebe izindaba zazo ebhodini. Izingane zingaphinde zikuthokozele ukuqhuba izindaba eziqalwe ngezinye izingane. Zikhuthaze zibhale obondeni imiyalezo emihle mayelana nezindaba ezizifundile.
- Thola amazwi akhuthathazayo acashuniwe mayelana nokufunda nokubhala ezincwadini kanye naku-inthanethi. Humushela la mazwi kuzo zonke izilimi ezikhulunywayo esikoleni sakho bese amazwi acashuniwe alowo nalowo mbhali abhalwe ephepheni lawo elikhulu. Bukisa ngala mazwi esikoleni sakho ngenhloso yokukhuthaza wonke umuntu, ngisho nezihambi imbala!

"Izincwadi ezinkulu zikusiza uqondisise, futhi zikusiza uzizwe uqondakala."
ngu*John Green*

"Into okuyiyona ebalulekile encwadini yincazelo ekuphathele yona."
ngu-*W. Somerset Maugham*

"Uma ungayithandi indaba yomunye umuntu, bhala eyakho phela."
ngu*Chinua Achebe*

"Ungathola izimanga ezingakholakali noma yikuphi la ubheke khona. Hlala nje ukhululeke, udinga incwadi nje kuphela!"
ngu*Dkt Seuss*



"Indaba yezingane ethokozelwa yizingane kuphela akuyona nakancane indaba enhle yezingane."
ngu-*C.S. Lewis*


# Xhumana noNal'ibali

**Yiba yingxenye yohlelo lukaNal'ibali bese usebenzisa amandla ezindaba ukuze ukhuthaze izingane ukuthi zifune ukufunda nokubhala.**

Vakashela izithangami ezahlukene ukuze uthole izinsiza kanye namacebo okufundela ukuzithokozisa, kanye nezindaba zezingane ngezilimi eziyi-11.

## Izithasiselo zikaNal'ibali

Thola isithasiselo sasephephandabeni sokufundela ukuzithokozisa esingezilimi ezimbili ku-*Sowetan, i-Sunday Times Express, i-Daily Dispatch* kanye ne-*The Herald*. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-**www.nalibali.org**.



## Usemsakazweni uNal'ibali

Lalela izinhlelo zikaNal'ibali emsakazweni eziteshini zokusakazela umphakathi zakwa-SABC, bese uthokozela izindaba zezingane ngezilimi eziyi-11 ezisemthethweni eNingizimu Afrika. Vakashela ku-**www.nalibali.org** ukuze uthole **izinhlelo zasemsakazweni** zakwaNal'ibali.

## www.nalibali.org

Vakashela **isizindalwazi** sikaNal'ibali ukuze uthole amakhasi amacebo, ama-blog okwazi ukufunda nokubhala, amacebo okufunda kanye nezindaba zezingane kwamahhala.

## www.nalibali.mobi

Thola amacebo okuxoxa izindaba kanye nokufunda, ukwesekwa kwamathimba okufunda nezindaba ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyi-11 – **kumakhalekhukhwini** wakho!





## Izinkundla ezokuxhumana

Yiba yingxenye yengxoxo ku-**Facebook** futhi usilandele ku-**Twitter** naku-**Instagram** ukuze uthole amasu nezakamuva ezikhuthaza ukufundela ukuzithokozisa, izindaba ezintsha nemincintiswano. Kanti ungaphinde uvakashele isiteshi sethu se-**YouTube**, **www.youtube.com/user/TheNalibaliChannel** ukuze uthole amasu awusizo ethimba lokufunda.

**Thintana nathi** ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela: www.nalibali.org www.nalibali.mobi

nalibaliSA @nalibaliSA @nalibaliSA info@nalibali.org

basic education
Department: Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Read to Lead
A Reading Nation is a Leading Nation

USAID
EVELA KUBANTU BASEMELIKA

Nal'ibali

Ed 2.Mar2019.Zul